ISIKHATHI SOKUHLANGANISWA KWAMABHUKU EZIMALI KWABAQASHI KWAMAPHAKATHI NONYAKA KANYE NOKUDALULA KWELUNGU LANGAPHANDLE SEKUFIKILE NJENGOBA U-SARS UGXILA KAKHULU KUMININGO YOMQASHI NEYELUNGU LANGAPHANDLE

Pretoria, 14 kuMandulo 2020 – Njengenxenye yokuqinisekisa ukuthi uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (u-SARS) luhlinzeka isiqiniseko nengcaciso yezibopho ngokomthetho kubaqashi nabantu bangaphandle, abakwa-SARS bafisa ukumemezela ukuthi isikhathi sokuhlanganiswa kwamabhuku ezimali kanye nokudalula komuntu wesithathu sesivuliwe kanti sizovala mhla zinhama-31 kuMfumfu 2020.

Kubaqashi – abakhulu nabancane, ukuhlanganiswa kwamabhuku ezimali kwezinyanga eziyisithupha zokuqala zokudalilwa kwezintela zokusebenza kanye nezitifiketi zentela zezisebenzi (izitifiketi ze-IRP5 ne-IT3(a)) ezenziwe phakathi komhla lu-1 kuNdasa noma zingama-31 kuNcwaba, sekuyafuneka.

Izinto okumele zihlangane ekudaluleni komqashi ngemiholo yezisebenzi engxenyeni yokuqala yonyaka, zibandakanya ukudalula komqashi kwanyanga zonke okuthunyelelwa i-Pay As You Earn (PAYE), neLevi yokuThuthukiswa kwamaKhono (SDL), isiKhwama soMshwalense wokuNgasebenzi (UIF), kanye nemiHlomulo yeNtela yabaQashi (ETI) kanjalo nezinkokhelo zanyanga zonke zalawa manani kanye nezitifiketi zentela zezisebenzi ezenziwe eziveza amanani e-PAYE, SDL, UIF, ne-ETI uma kukhona.

Amalungu angaphandle afana nezikhungo zezimali, izinhlelo zotshalomali kanye nezinhlelo zokwelapha, phakathi kwezinye, (Bheka uhla olugcwele lapha Third Party List and Declarations) kudingeka ukuba athumele ukudalula okufana neminikelo yohlelo lokwelapha eyenziwa amalungu kanye nezindleko ezingafakwanga ngaphansi kohlelo lokwelapha, inzuzo yenzalo, iminikelo yomhlalaphansi, amanani avela kunoma yiluphi utshalomali, ukuqashiswa kwempahla enganyakazi, inzalo noma imivuuzo, phakathi kokunye okudalulwayo.

Ukuhluleka ukugcwalisa lezi zibophezelo kungakubizela izinhlawulo kanye nokubekwa icala lobugebengu.

U-SARS uzogxila ekushayeni emhlolweni nokuphelela kwalokho okuzobe kuthunyelwe abaqashi kanye namalungu angaphandle, ukugwema amaphutha amaningi nokulungisa esisabhekana nakho. Lawa maphutha nezilungiso kunomthelela omubi kumkhokhintela siqu obhekene nakho. U-SARS ucija izindlela zokulwisana nokubamba futhi ucija namandla okucwaninga amabhuku nawokuphenya ukuze kuhlonzwe futhi kuqoqwe intela okufanele iqoqwe futhi ibhekane nokungathobeli. Okubalulekile ngokuthobela komqsashi nelungu langaphandle ukuthi kwenza u-SARS ukwazi ukuhlinzeka abakhokhintela ngosizo oluzokwenza kungabi nazihibe ukufeza izibophezelo zabo zentela.

Izinguquko kwezomthetho nezinhlelo

Izindlela zokwehlisa umthwalo weNtela ngesikhathi se-Covid-19 ezamenyezelwa uNgqongqoshe wezeziMali ekuqaleni kwalo nyaka, kwahlinzeka abaqashi ngethuba lokwehlisa umthwalo ngokuhlehlisa ukukhokha i-Pay As You Earn, ikhefu eliyizinyanga ezine lokungakhokheli ilevi yokuthuthukiswa kwamakhono, kanye nomhlomulo wentela wokuqasha, njengokoMthethosivivinywa oHlongozwayo i-Disaster Management Tax Relief Administration Bill (DMTRAB). I-DMTRAB idinga ukuthi amanani ahlehlisiwe akhokhwe ezinyangeni eziyisithupha ngezitolimende ezilinganayo, kuqalwa mhla ziyi-7 kuMfumfu 2020 kuze kube umhla zi-5 kuNdasa 2021. U-SARS uqalise ukusebenzisa lezi zindlela kodwa awuzixegisanga izinsuku ezingumnqamulajuqu zokuthunyelwa kokudalula nezinkokhelo lapho kungafakwanga khona isicelo sokwelekelelwa nokuzokwenza ukuthi kubizwe izinhlawulo ngokungathunyelwa noma ngokuthunyelwa emva kwesikhathi kwalawo madokhumenti.

Iveshini yakamuva ye-e@syFile™ iyatholakala kulesi sikhathi sokuhlanganiswa kwamabhuku ezimali kwesikhashana. Ilungisiwe kwanyuswa izinga lokusebenziseka kalula njengxenye yokuzinikela kuka-SARS ekwenzeni ukuthobela kube lula kubakhokhintela. Phezu kwalokho, u-SARS uchibiyele iSitatimende se-Akhawunti (EMPSA) ukuze sifake imininingwane yezinkokhelo ezihlehlisiwe ngaphansi kweziNdlela zokweHlisa uMthwalo weNtela ngesikhathi se-Covid-19. Lokhu kuzokwenza ukuthi abaqashi abafanelekayo baqhubeke nokuthobela. Uhlu lokwenziwe ngcono ku-eFiling naku-e@syFile ungakubona ku-Interim Reconciliation Enhancements.

U-SARS uxhumana ngqo namalungu angaphandle nalabo abasingatha uhla lwabakhokhelwayo ukuze balekelele ngokubuyiswa kwamaphepha entela kanjalo nokuqeqesha lapho kunesidingo khona. Ngokufanayo, ngasohlangothini lokuphoqelela ukulandelwa komthetho, u-SARS ukhulumisana namalungu angaphandle, ikakhulukazi, abaqashi abanamaphepha entela nezinkokhelo ezisilele emuva.

Ukudalula ngokuzithandela kweminyaka eyedlule

U-SARS umema bonke abaqashi ukuba balungise onke amaphutha ezintelo zeminyaka eyedlule ngokusebenzisa uHlelo lokuDalula ngokuziThandela i-Voluntary Disclosure Programme (VDP). Isicelo esiphumelele esenziwe ngenqubo ye-VDP sisusa izinhlawulo eziphathelene nephutha elidaluliwe, ebelingafinyelela ku-200%. Izicelo ze-VDP zingenziwa ku-eFiling.

Imibuzo yomkhokhintela

Imibuzo yomqashi nelungu langaphandle ingenziwa esikhungweni sokuxhumana noma kubekwe usuku lokuya egatsheni ngokusebenzisa uhlelo lwe-eBooking kusizindalwazi sakwa-SARS. Onke amalungu angaphandle ayakhunjuzwa ukuba axhumane nesizindalwazi sakwa-SARS ngolwazi olubalulekile ngesikhathi

sokuhlanganiswa kwamabhuku ezimali kwesikhashana ku-Third party declaration process and Employees Tax What's New.